3/6 K13/316 ~~A13/3/145~~ F.H.Kumalo. 1/31

K13/145

26

1 Ukuqomisa.

Kwa zulu nobani nje uyaqomisa; kusukela ebungwini ensizweni kuze kuyofika emahkehleni asenezicoco ngoba phela umuntu uyaganwa noma esenabafazi, inkani uma efyyile enempahla izinkomo nezimbuzi zokulobola.

Akukhathaleki nomayinsizwa noma yikhehla bayayisuka nje intombi isukwe yibele, ~~yikhehl~~aziyiqomisa ilitshitsh isahlosa ziyilanuele iliqhikiza ize ibeyinkehli. Izinkehli phela esezi khehlile zelula izinwele zathunga isicholo noma inhloko.

Uma intombi isiqomile isinesoka ithwal'indwang' ebomvu kanti ezingakaqomi zithwal' indwang' emhlophe. Uma isilal' isoka iyagunda iboph' umqhele obomvu.

2 Ukuqonyiswa. kwentombi.

Intombi iqonyiswa lapho uhlangana nayo khona. Uyitshele ukuthi uyayithanda. Phoke bokunye yona ayizikukuphendula phela. Uyasuka lapho usuthatha into yayo nje ngesiqhano noma yiduku intombi ibisithi. Uyisaphi impahla yami na Isithi insizwa Ngithi ngiqome ibisithi intombi "Angikufuni" Ubus ngoduka nayo impahla leyo phezu kokwenqaba kwayo ngoba kokunye isike yenza ukuba ikubone ukuthi uyithanda ngempela na.

Insizwa isihlal' ibindele abakubo kantombi oyise nonina noma abafowabo, nayo ukuthi abas' ufika yini balande impahla ngokuthi iyiphoqeleni ingane yabo. Insizwa ibindela usuku lube lunye nje. Uma bengafiki wena usizwa usuphindela kuso isesheli

2.1. sakho ufike ngakubo um se entabeni noma ngse hlathini endaweni esobala nasekhaya wenzela ukuba uyibone uma iphuma ukuyotheza nokuyolima nokuyo' amanzi.

Uma usufika kuyo usuqala ngokuxolida uthi "Pho, mntanethu ungathukutheli ngokuba ngahamba nempehla yakho angizenzi ngane yasengizini ngisindwa umthwalo wothondo namandla kangise nawo. Phoke wena impahla yakho ikhona isengumbamba nhliziyo. Phoke wena intombi wesabani ukungiqoma Qha mama, into enhle nami angisho ukuthi ngikupheqela ukuba angithande uma kungasho kuphela ngithi nceng' inhliziyo yakho. Uthi uyazinje intombi ukuthi uyangithanda na? Mina angikufuni sekusho intombi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Pho lempahla yakho owanginika yona wanginikeloni; wanginikel' ukuthini ungangithandi njena? Sengifuni ukwazi ukuthi izin-
K13/145 tombi zakini sewazitshena yini ukuthi useyangi thanda na? Ingabeke wena uyesaba ukub tshena mina kangisabi. Sengiya kubo ke mtanethu ukubazisa ukuthi uyangithanda,

Kokunye yenqabe ngokuthi Mus'ukuya emaqhikizeni ngoba uma ugiseyingane angi kabi uguye owokuqoma "Usuphendula nge-lokuthi ke" Uthi uyingane nje ukhulela mina yini? Asiqomane nje ngoba nami ngiyingane enje. Kungakuhle pela ungilindese ugezwi, kungenjalo mina sengedlulela kodadeweni" Isho njalo insizwa isiphikelela khon' emaqhikizeni isifika ithi "Ningibona ngigale-leka lapha nje ngifike ngamanzwi entombi yakini ithi impahla angizoyinikwa yini. Sezithi ke izintombi: Oka thin' intombi ayizange isitshena loko" Pho ke mayilandwe
3 uma inganazisanga loko" Sekusho insizwa. Nempela / isilandwa Amaqhikiza aseyibuz' ukuthi wathini wena kulomuntu? Kokunye esiphuka ithi kayazi lutho ngalomuntu. Enje isizikhala Insizwa isithi atambi uyenganini lapho ugake ngukuphoqa nga-kugambela amanga? Mina nyombi angizothetha macala ngilethi impahla yakho lena" Amaqhikiza asethi Nawe impela uyamthanda lomuntu. Aseyiphendula ngokuthi" Usahlulekile uswel' amazwi okukutshena ukuthi usekuqonile. Beka wenu, insizwa, uzufike nezintshengula ezinhlanu (Ezimbili ngezenkehli ezintathu ngeze qhikiza) zokuthatha ipasi" (Manje osheleni banikezwa iqhikiza, ababile abenkelili eziphetheyo im~~p~~pela egcin' emnyango umaku-hleziwe.

## 3 UKUQOMA KWE NTOMBI.

Bese zibuthana ke izintombi mhlana kuzóthathwa ipasi zikh' izinswazi zonke zokushay' isoka. Mhla iqomayo in-tombi kubuthahwa entabeni endaweni esitheleyo ngasekhaya. Bes' ifikake insizwa iza nomngane wayo. Bafika njalo sezilelezi izintombi ziphethe zip izinswazi njalo sezililezi izintombi

Ipasi belu, ibuhlala butshutshiwe buwuoa olulingana enta-yeni. Noma kukunye yinsonto noma z yiduku,konke lokukungaba yopasi. Intombi lena eyona iqomayo ayibibiko mhla lowo, mhla wepa i phela.

Ukuba zifike nje izinsimwa zibingelelwa ngoswazi .

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K 13/145 Ishaywa ziqhikiza elip ethe impahla bese ziyi thelekela zonke nezinye ziyincuncathe. Ibiyavike insizwa ziyishaye vesezithi Mi thatha nanti ipasi usehamba ke.

4(1) Uma ifika ekhaya usebetha uphondo bhoo' Sekuzake zonke izinsizwa nezintombi zakubo zizobeth/sigubu noma zizobetha impala-mpala. Kubuthanwa ubusuku bonke phezulu entabeni bezwe bonke ukuthi usobani uqonyiwe kujatshulwe phela kuyahlatshelelwa ku-yasinwa kushayw' indlamu kubongelwa insizwa eqonyiweyo kuthiwa waila sobambani" Kuze kuphume ilanga lithi chwepheshe.

Ekuphumeni kwelanga sekuhanjwa ndawonje kuze kuyo ngenw' ekhya bese kuphanyekwa uduku elimhlophe sekuhalaliswa sekuyiyizela isimame, sekunganw' endlini sekuqedelwa' ukujabula. Selizobe limi njaloke iduku lelo isoka liza lithole okokubanga. Endulo kwakubongwa ngophephela olotshwe ngeshonba elininyama manje se-kubongwa ngemali.

## 4 UKUBONGWA KWE NTAMBI EQPHILYO.

Isoka lekhethi umkhongi ayobuz' usuku lokubonga emaqhikizeni abeselinquma anaqhikiza beseku gaywa utshwala ekh-abo soka nasekhabontombi. Buyofihlwa phela ngasekhabontombi. Kwesatsh oyise nabafowabo. Buthwalwa yizintombi ebusuku zibubeke komunye umuzi osoduze kwalapho kuzobongelwa khona. Bese zibuyela emakhaya zizofihl izingubo amabayi nama kwatha nokunye kokuvunula. Se i k zicwalake. Sezihamba entabeni endle ukuyolindel' i=insizwa.

Izinsizwa ziza ziqhamuke zihlele bese zifika zima, sekudlula abakhongi noma babile nje abaphethe imphahla yokubonga ingubo yokugqoka nensipho nesicephu neduku necibuko. Abakhazi njalo impahla lena bayibeka phambi kwayo intombi ezo-

4(b) =4(2×) bongwa iphahlwe zintombi ezimbili/yona ibe phakathi. Sebefike ba'dlala isicephu beyihlalisa kuso intombi, sebephindela emuva ezinsizweni. Seziza zonk' ezintombini. Sekuqala umkhongi ukubonga kokuthi "Ngiyabongake ukusazana inhliziyo yakho enhle emhlophe enje ngesihlabathi solwandle. Koba kuhle ukuba umqome nje, umqome ngamaqiniso awudlali ngaye. Umbambele esihlakaleni ungalingisi okwemfene yona ithi ibaqwe esihlakaleni ibisiyenyusel' ehla nengalo yenzel' ukub' ihambe. Ngithike ntombi ~~ungedlule~~ ungedluli njengenhlava yona eluqala phansi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

uhlanga ize iluphume phezulu. Ngithike nawe ntombi ungabe uyabawe nsizwa ubusuyiqoma loko. Ntombi kuyokuphozisa kukwenze isifebe ikatha. Minake ntombi imale yami ngoyilanga sekusukuma isoka lithi ngiyabonga ntombi inhliziyo yakho enhle ukuba ungiqomile Ngithi kodwa ntombi ungabe udlala ugami ungenze ungubo yakho yokusebenza ekhaya yon' ongayikhathalelele ngiyokwenza ibeshu lami lokusenga elidala lona ngithi noma ngingena odakeni nalo ngingabi nandaba. Intombi eyisiqhwe bamadoda imbi iyalidumaza igama layo. Sekusuka omunye ethi "Izinkathazo azikho ntombi akukho ukuhluphana okutsheni siyubongo ukuba injithandile lensizwa yakithi. Phoke nathi sojabula ntombi sihlala ngokudumisana njenganamhla nje kuze kuthi noma ntombi sifika ngakini ufik' usudumise nathi wofika ngakithi sikudumise" Impendulo yezintombi zithi "Ningasho ukuthi size laphanje sizoqoma, kufana nokuthi nje sesemthunzini, ngomiso siyadlala, inga mangali ngoba phela silihlaba ledlule njengenaliti. Uma insiphethe kahle siyohlala.

5 Futhi thina siluphaphe lwegwalagwala oluthandwa yizwe lonke. Sihlezinje sisemthunzini . Ngalokhu ke koba kuhle nxa siphethwe kahle.

Umkhongi ukhokha usheleni isoka osheleni ababile umfowabo wesoka usheleni ezinje izinsizwa uzuka noma utiki.

Izintombi sezikhiph' utshwala sebuthengwa buphuzwa izintombi nezinsizwa ngawonye, ezinye izisizwa seziziqomisela njalo khona lapho ukuba ziqede sezihamba izinsizwa ziya ekhabosoka, izintombi sezihlakazeka ziphindela emakhaya. Ukuba zifike ekhabosoka izinsiwa sezizothi ezinye izinsizwa selethula ke iduku ayilethule ezithembileyo ibisilethula esibona ukuthi akusensuka zatshwala buqhazuke iqonywe phela uma ingasaqonywanga zoyishaya sezingen' endlini ziphuz' utshwala seku phelake sezihlakazeka ziya emakhaya.

Sekuphel' izinsukwana izihlani isoka seliphinda umkhondo entombini lephethe ishumi losheleni lekuela intombi emaqhikizeni ukuba liyibone ukuze amaqhikiza nagalwimbeli ngoba uma isoka lengenay' imali lengeke liyibone lihlale nayolixoxe ezomdansiswane uthando phela.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

6 5 UKUYOBON' UMUZI. K13/145 5

Uma intombi isiqomile yabongwa yeluka amacansi nezithebe namavovo ithenge nezimbenge nezinkamba, nezikhetho nezindishe zezingane nama yitikobezingane. Uma intombi isilungile iyasho esokeni layo ukuthi ngosuku oluthile yobe izobon' umuzi.

Ibisimema ezinye izintombi ezizobona umuzi. Ziphuma ntambama emakhaya ziphete izipho namaswidi nomentshiso ezifike zikuchithe egceke ni lalowomuzi ukuba zingenenje esangweni lomuzi bese zixhutha amaswidi nomentshiso bese zingena ngosohlangothini lwesinxele lomuzi. Sezikhonjiswa indlu. Zithi bese kuya abadala bakhona ukuyozibingelela.

Indala kuzo izitombi isifika yaba isithi lokuke okukasobambani lokuke okukasobambani lokuke okukasobanibani njalo njalo. Abakhona ke sebeshayihlombe bejabula. Uma intombi inamandla uyise wesoka winika icansi nokhamba nesikhetho nesithebe nensibekelo imbenge nenkezo yo tshwala. Enje enganamfutho imnika icansi nokhamba nesikhetho. Uninazala imnika icansi nevovo onina abanye abanika incansi noma isithebe ngabanye. Abalobokazi babelwa amavovo izinsizwa ezinkulu amacansi nemishayelo, abafana izicephu nemihsayelongamibili. Izingane zamantombazana zabelwa omayitoka, ezabafana zabelwa amayemba nezindishi ezincane obesini. Ingane yentombi yabelwa icansi nendishi nengubo nobuhlalu, nomfum.

7 Onina bese bethi izitombi azembule zishikile kuqale esenyango kuze kugcine esemsamo. Bese bephuma onina sekungeni utshwala sekungeni' izinsizwa nezitombi sekuphumwake. Bese zithi ke izinsizwa ezintombihi. "Akhe nembule bantabeth' bese zisukumake zumbula. Bese zibaboaza izinsizwa ezinye njalo besezisho izicana zishwaphepha. Kudluleke loko. Bese kusinwake kuze kube sebusuku zize zixoshwe izinsiwa zingasavumi kuphuma ukusuka ezintombini kuthwe phamani bo, ziyanetha yini izindlu zakini? Sizixoshwa yisoka izinsizwa. Ezinye ziphumeke kodwa amaphinsi ayasala noma exoshiwe. Ukuseni kuse omnyamana zivuke zihambe.

6 Ingane Yentombi Eqomileyo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kuye kuthi mhlazana itombi ibongwayo ukuba kuqedwe umsebenzi wokubonga intombi bese kusuka umfowabo soka ephethe ushe-leni amnikeze intombi ethi. Mansi imali yengane yakho u sobamba-ni uma ikhona ingane leyo umfana noma intombabane bese ziyibiza izitombi ibisihlala kuzo kuze kusukwe lapho esingoawini.

Intombibese ithenga izimphahla zengane ingubo noma yiyembe, nesicephu nezimpahlana zokuyi vunulisa. Intombi ibisimena abangan i bayo noma bebabili ukuba bayávuma ingane khona phela kubo kasoka.

Zithi ukufika bese zibingalelwa bese zeoela ingane leyo ziyibiza ugegama. Ibisiza bese ziyigqokisa ziyivunulisa ngo kupheleleyo bese ziphiwa ukudla sizihamba. Ezinye ziyibonga mlila seziyosina.

8 7 Igama lemtombi eqomileyo elwela esokeni.

Ithi intombi ingaqoma bese kuvela igama esokeni elitha yona. Ibizwe ngabancane ngalo baze nabadala oyise, nonina bayi bize n alo mhla besese.

Lilethwa yizintombi zakubo kasoka nom ngabofana ba khona. Amagama avumile yilwa:

Uvi'ukunyunda, Udelez' amabungu, umaqashaza uDelis' amadoda.

Seliyoba yigugu elikhulu kuhlekwe nabanewabo sebeyibiza noma k beyithethisa nglo incibilike nomaibinindinini bayibiza ngalo sebeyithophile isiyobenzela noma yini abayicelayo ekhaya.

8 Ukucelwa kwe Ntombi.

Uma zikhona izinkomo zokulobola isoka liye lazise intobi ukuthi seliyifunela ékhaya. Enye intombi yengabe enye ivume bese ithi aledlullele amaqhikizeni liyoyicela kuwo.

Uyise womfana usefuna umkho gi uyise wentombi usebiza akufunayo ngomntanakhe, Ukh' abise ihashi, liboshelwe nemali njenganpondo abahlabu noma noma bayishiyangalombili, kokunye abize yazi nezicathulo. Imvulamlomo phela leyo umame, mina wentombi yena ubiza itshali nengubo yokulala, bodwe umkhongi eze azokukhokha konke loko, bes belobolake abakhwenyana besho imibala yezinkomo abeza ngazo babuye bagoduke. Uyise we ntombi usethi mayiland' abayeni. Ibis' igay' utshwala isibazisa us= usuku eyoya ngalo ukuyokuma.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

9 Ukuma kwentombi. K13/145

Intombi unema ezinye ezintombi zithwale utshwala ziyoyimisa, zithe lezo ezithwal' utshwala zifinyelele ekhaya zibubeke ezinye zibe zihlezi ngaphandle kudunyana nomuzi zilundane khona bese zikhumula zibini ubuhlalu kuphela, izingubo ziphathwe abafazi.

Zishay' alude abele zihlabelela zize ziyoma unaqondana nesibaya. Sezibek' esebayeni zifulathel' umuzi. Sekukholo njaalo. Sekubaswe elikhulu ikloba. Sekuthiwa aziphenduke kubonwe izisu. Base badelise amahloke kad' ukuba zingeniswe endlini.

Umakoti umgeniswa ngeshumi noma ngambuzi bese ehlaliswa ecansini ngosheleni ababili. Sekungnő utshwala-bese-zingenake izinsizwa zizobingelela izintombi kodwa izintombi zithulenje zinga vumi. Kuqhedelwane ngokusina. Izintombi zikhulumisane zodwa nezinsizwa zenzenjalo kuze kwa hlukwane ngalolosuku ezifike ngalo. Zibuye zihambe izinsizwa kulalwe. Ngakusasa sekungen' ukudla okuvela ezihlotsheni nakubanakwabo soka sizidli izintombi Angade umakoti bese zihlubula ziye emfuleni ziyogeza emfuleni. Sekusuk' ezithil' izintombi zibiz' imvuma-inkomo noma izimbuzi ezintathu-nendlakudla yesine. Uma sekuphumile loko sekunquma zon'izintombi ukuthi makuhlatshwe zibengaki. Sezihlatshwake seziphindel' emfuleni izintombi sezenyka zonke ziya ehlaya ukuyovuma sekubuthana nezibukeli' zonke ziya ekhaya zizobona izintombi zimile. Bese zingeni endlini sekungenisw' ukudla komuzi. Bese zikwabeke izintombi zabele bona abasemzini kusale umakoti nezimpelesi zakhe. Kuthi kusihlwa seku khishwa izimpe-

10 lesi endleni ngemali. Ikhiswa, ngosheleni inye. Kusal' umakoti elawini. Kuyasa zivuka ziyotheza nomakoti. Umyeni usenika umakoti imale y kuthenga zimpahla azokwembeswa ngozo. U helekezelwa udadewabomyeni bahamba nezimpelesi sebefika bethenga itshali nezigqizo neduku. Lokunggwaza ekhanda elincinsoto eyinziwe izi iziqhova. Sebethengela nezipelesi amaboyi namaduku aneziqhova zokungqwaza. Sezifika ziphotha izigqizo. Umyeni usemema abayeni. Ekufike kwabayeni usezuhola ekhanda usevumula kahle evula isiklūthu anqwaza ngeduku elineziqhova zensonto, ebomvu neluhlaza. Usephuma esephethe uboko lwakhe azoshaya ngalo izinkomo alotsholwa ngazo ushaya eyokuqala eszeleka phela. Sekuhanjwake kuyiwa kubokama koti.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Umyeni usele emuva belu wolandwa kusasa ngengcazi yotshwala bangena njalo abayeni sekuhlwele, bangena ngakwesokhohlwa ngasesibayeni esikhulu. Sebemake emnyango endlini engahla sekumemeza yen' umhlaleli ethi Yethi baba wena weq wasekuthini Ngifika nesithole sakwethu esinzimakazi azisho zonke ngemibala yazo aze azi qede bathi maneza asizwa aphindeke baze bezwe kuqala ngoba phela abayeni laba bafika nje ba bekiwe. Sebenikw' indluke sebengenake. Phoke sekukuhle kwesabeka. Kuhlanyisiwe sebesina abakhwenyana sebehlaliswa emacansini. Intombazana yakwabomyeni ihlaliswa ngoxheleni sekungeniswa uth utshwala ke sekuthu ngwake k buphuzwa kuze kulalwe. Kusasa sekukhulung' ubukhazi (ubulanda) Sebehlatshisu' inkomo kuculwa abayeni phela. Nembuzi yomkhongi usefikile nomkhwenyana nembuzi yomkhongi. Usefikile nomkhwenyana uze nabafazi
11 bakubo. Kudliwe kuphuzwe/kusinwe, base hahambe ngakusasa. Kusla umyeni nodadewabo kebade izibethe izibaza phela baze bahambe ngakusasa nabo. Useseleke umakoti. Umakoti seyoze aonwe mhla esezokuwandlula ngoba phela yiloku endlala washiya. Kuthi nyakenye agay' utshwala ayokwendlula konakhe. Besekuthiwa makakhohle ngembuzi, imbuzi leyo ephuma kuye umyeni belu.

Usehamba nezitombi nabafazi afike ahlatshisw' izimbuzi ezimbili kuphuzwe no tshwala. Ahlale izinsukwana ibuye aphindele emuva uma ezokhehla kuza izintombi zakhwabo soka nembuzi yokuzokhehla umlobokazi. Bese zifika zihlatshiswa enye phambili. Sezihambule isisale iphiwe abakubo abakwaziyo bese igaya utshwala futhi umakoti ayobika kowakhe ukuthi usekhehlile sekulindelwa ukusinake.

10 Ukusina kwe-Ntombi.

Intombi ihamba iyothenga ibokisi nezingubo zokulala, ithengele uyise wesoka ingubo yo kulala, ibis' ithengela isoka isambulela bese kuowiliswa utshwala, usehambake umakoti eyocunela ezihlotsheni zakhe. Utswala bayo gaywa ngosuku olunqunyiweyo, bese kuqaliswa nokufundwa kukusina. Bese kuyobuzwa usuku lokuvubela. Lunqinywe nalo bese kufikake umkhongi ufika njalo isiyancama intombi lena kuhlatshwe inkomo nembuzi usefika letshona umkhongi esthi undwedwe aluphume. Usethi uyise wentombi akhe azoqobela izintombi inyana kuqala.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

12. Eqedile sezithi izintombi akathwale ibokisi/ uyise usekhip' intombi endlini sekukutshwa ibubo lokukhipha intombazana endlini. Uyise uyibambe ngengalo aze angene nayo esibayeni aze afike enhla nezibaya abhe ye aphenduke nayo. Ithi ingesesangwini isisho inkondlo yayo. Bese zisala esibayeni izinsizwa zigiya Sebebanbake baze baye bafika lahpo kusinakhona intombazane bengena ngase utshonalanga baye bafike enhla nesibaya ngaphambi kwendlu yakwa bomyeni. Bahamba njalo bahlabelele bethi Saze saganul' isishokolo. Ikhetho lithi thina singama sonk' impela kade kwasa siganwa. Bese be gqumshelake onina bomyeni bethi. "Sizode' ingco yingxoyi besho ukudla okuthambileyo okuco lisekileyo okuzogaywa umakoti bathi onina Wolima kakhulu makoti kuyalinywa lapha kithi bese lunge' endlini udwedwe selunikw' utshwala baze balaleke kothi kusesebusukwaneni umakoti usevuka nempelesi yakhe sebeyohlal' emfuleni. Ekuphumeni kwelanga sekwehl' ezinye izintombi ziyokumhlalisa khon' emfuleni. Sekwehl' izinsizwa zaludwedwe seziyohlabi mbuzi yazo khon' emfuleni . Imbuzi lena iphumakubo kamkhwenyana. Sekufik' izihlobo zentombi zithwele ukudla Imbumba ubatata izindubu amadumbe nokunye zikulethe khona emfuleni lapho kufikwe kudliwe khona imbuzi yezinsizwa isiphekwa isidliwa. Idlwelwa khona emfuleni zidl' isimukulo.

Zithi ubaziqede beseziyobika mutwanekhaya kuyise womyeni. Zifike zingen' esibayeni zigiye ziphume. Emuva kwazo umakoti wonina engeko koswa omzalayo ngempela bangen' esibayeni bazungeze qede baphume agesango baphindele emfuleni sebeyokhuphul' umakoti banyuke naye behumba ihubo/sebeya esigcawini

13 pambi kmuzi endaweni elungisiweyo bafike bakheth' elabibala lokusina. Sekuqala won' umthimba. Izinsizwa zawo zisine bese kulandel' izintombi. Sekufik' ikhetho lizobuka. Umakoti usahlezi belu uyamcola uyayaxwa uya vumuliswa. Umakoti usesukama nesinkehli esho inkondlo yakh ephethe isambulela nehawu nommesa wokukhomba, usesina, esina eyodlulis' uthi lomzimba ngakunyeni umyeni lapho' usesukuma egiya. Usefika' emnika esambulela emupha. Inkehli sina nayo iphethe isicephu nayo isinika umyeni ukuba alilale kuso. Sekusukum' udadewabo umyeni ayobamb' umakoti ngengalo abaleke naye. Abese hluthul' umakoti ephindel'

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/145



emthimbeni.

Bese zisukum' ezinkehli zipheth' amacansi okwaba nengubo kayise womkhwenyana nomkhambo lwakhe nesizibekelo nezithebe necansi likanina womyeni necansi loneema lika mfowabo yise kabomyeni konke loku kwamukelwa unina womyeni. Sebegcina ngesigekle. Esehamba umakoti nehele lezintombi babuye baphame sebephindel' esigcawoni. Sezisuka izinsizwa ziya entabeni seziyogiya khona sekufika izibukeli zizoshayela ngokusina nangokugiya kushayelwa njalo ikhetho nalo seliyovumula ekhaya laphaya. Sekuphum' ikhetho liza ngamabele selisinake. Kuthiwa liyakhetha ikhetho. Kothi umaseligcine ngekondlo bese kukhulekwa anadlozini sekubongwa bonke oyise noyisemkhulu bomkhwenyana babongwa nguyise kamkhwenyana noma unfowabo uma eligagu. Ikhetho selihlab' ihubo sekubuyw' kuyiwa ekhaya. Nomthimba usahlab' elawo ihubo. No makoti eseya endlini yakhe. Oyise bangena
14 kweyabo./ Izinsizwa zingene kweyazo. Sekuthungwa njalo buyaphuzwa. Badakwe abadakwayo. Bese kulalwake. Kuyasa kusasa izintombi zibiza umqololiso. Ibibisi hlahlwa njalo. Inxeba libe linye ngoba uma ingawi ngenxeba lokuqala usheleni inxeba. Igwazwa njalo umakoti umi laphaya endlini kwakhe utshikizisa umtshanyelo ingawi ngenxeba lokuqala nce kuphume osheleni. Kodwa noko ize iwe. Bese ephumake umakoti nezintombi bavunule eyokwa thiwa. Umakoti uyatha ngocu lobuhlalu obumhlophe. Uphelekezelwa izintombi njalo bese esin' inondlo yakhwe obeyisina ngayizolo kanye naso isigekle sangayizolo. Abesebuyela indlini. Isihlinwake inkomo.

Sekufik' izintombi zizocela amangebeza. Amangebeza lana amatshontsho zithi letha amangebeza letha bo. Sekuphum' omame bezogqib' umswane esibayeni ngoba phela bethi kofik' umthakathi athathe nenyango abulale umakoti ngako.

Nenkukhu yeluswa impela ukuba ingathathi inyongo. Bese kukhishwa umlenze lingavezwa'ithambo lawo lenyonga. Kungaba yicala phela kuthiwa kuvezw' ithambo lenyonga kamakoti. Umlenze lona usuhambake uya kunina ekhaya ngoba phela yena akezi edwendweni Sekhishwa umkhono wezinsizwa zomthimba nebele linikwa umthimba Sekukhishwa umbubuzo umkhono olwahlwa zintombi zinika abasemzini sekuqutshwa izimbuzi ezimbili zisiwa kwambkhongi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Zifike zihlatshwa ziphekwe zidliwe kan e nomkhono nezinsizwa zomthimba. Sekuphuzwa ke kuhanjwe. Umkhongi usehamba eyo-okhupha izintombi zomthimba inyama. Bese ethela umakoti ngenyongo kusihlwa. Unele amthele nje izintombi bese zimthelekela nge-
15 zimmwazi/unkhongilo. Abesehlabelela umákoti ethi asezihlile aza o baba we :ayoyo, abesephum' ebaleka njalo ephumela phandle bese zimb_mba. Izintombi zakubo ezizomendisa. Ebesebuyake engen' enlini. Sekulalake. Sekusele izintombi zodwake manye.

Ngakusasa usephuma ekuseni umakoti eya emfuleni benomkhongi nezitombi. Umkhongi usethwal' ihokisi, izintombi sezimbincis' isodwaba sebefika bahlalake emfuleni. Ezintombi sezibiz' umeke, imbuzi yokumekeza akayidli belu umakoti ihlawula phela. Seyizidla, sezigodukake manje zonke izintombi zomthimba sekusala izimpelesi ezimbili nomakoti.

Kusihlwa umyeni usezokhipha ishumi noma zimbuzi yokukhipha izimepelesi elawini. Ngakusasa umakoti nezimpelesi sebephuma bayotheza izinkuni sebebuya ntambama. Sebephiwa ukudla sebelala. Sekusake isihamba enye sekusala ibanye yisigubu ehlala aze aphindel' ekhaya kubo nempelesi afike' aphuce abesegay' utshwala ethwaliswa izintombi zakubo buya laph' egane khona. Zifike zibubeke zibuye ntambama kanye nempelesi.

Usesala njalo umakoti usengumfazi osesebenza y nk' imisebenzi kodwa kakayidl' inyama. Woza asikiswe ngembuzi namasi woze awanikwa n embuzi. Nakudle[L]' uyise zala nokungen' esibayeni konke loku waze akunikwe ngento.

16 // Ukubaleka kwe ntombi.

Intombi uma iyokwenda kulowo ongesoka layo elaziwayo noma iyogana iso a u a uyise wayo engavumi noma uma isikhulele ingasafuni ukuqoma isithmda ukuba bathi beqomana babe beganana. Kuthiwa imbaleke. Intombi iye ihambe nomngani wayo impelesi yayo baye kubo kansizwa noma yindoda eyiganayo. Nxa befika emzini bangena ngakwesokudla uma umuzi ubeke ngase ndlunkulu baze beme ngaphambi kwayo indlumkulu athule athi du, Kokunye baphonse itshe elawini noma bathinte isitsha esinyengendishi abeze nayo.

Ngokuzwa umsindo lowo abasekhaya besebephuma ngokuba bona bemi. Bese kuz' eny' insizwa noma indoda izobuza ezintombini ukuthi zikhwela ngobani ithi ukhwela ngobani mutanethu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Ibisisho igama lesoka layo ekhwela ngalo. Uma esizwileke abesetshela bonk' ekhaya zizintombi sezikhonjiswa ilawu ezizong na kulo kodwa izintombi azingeni n aphandle kwenkokhelo ethile enjengembusi noma yishumi losheleni.

Esengenile akahlali phansi kungaka khonkhwa isipho esithile sekuba ahlale sesikhonkhiwe akahli engekanikeswa isipho sokuba adl' ukudla uma zonke lezizipho sezophumile uyakhwenza konke. Zonke lezizipho seziphumile uyakwenza konke. Ahlela adle. Zonke lezizipho ezempelesi. Kuyinto enkulu kwazulu ukuba zonke lezizibizo zokhonkhwe ngoba kabanakala ngokukhonkhwa kwazo ukuthi umakoti uyathandwa lapho ekhaya.

Umnumzane wonuzike utshemula kuyise wentombi ukuyothi belu fumelani nganeno ngoba phela intombi ibaleke uyise ingazi yayokwenda emzini. Uma uyise wentombi esezwile usethi ezithunyweni. Nj ngoba seniyazendisa khonkhani ilobolo lami. Endulo lobole ngatathu noma ngahlanu wa uyake. Ulobole ezisele ziphelelis̶wa kamuva nje nanin . Uma umkhwenyana engana nkomo unokuthembisa ngezinkomo zendodakazi yakhe zokuqaba kuthiwe uyethula Noma umkhwenyana abe isigodo sokuxebula ade esiza

17 en 18 naye njalo ngenganxa kuhlutshekiwe abe umphini/wenkhuba. Okunga ukuthi naye njengoba esengu mutwana wasekhaya useyokwelekelele kukhonkheni ilobolo lomfana wakhwabomkakhe abefalele ukulobola ngezinkomo zomkhwenyana abefanele ukulobolo ngezinkomo zonkhenyana. Ngezinye isikhathi uma kuganwa indoda enomfazi ithath' izinkomo zasedlunkulu ibole umfazi wasekhuohlo ngekomo zase ndenuk lu zibayicala elikhonkhwa ngokwe uthulu ilobolo lnedodakazi yangasekhohlo liphindelise e izinkomo ezathathwa endlunkulu uku lobola unina.

Intombazane okubekwe in ilobolo layo ikhulela kuleyondlu emele ukudl' ilobolo layo ize iphendele kubo mhla sezikhonkhiwa akulotsholwa ngezinkomo eziyisikhombisa ngoba ungabe uyakhomba umakoti. Phela abantu baqalisa ngocikicane wesandla sokhohlo (sesihlangu) ukubala bagcine ngesithupha badlulele esithuphehi sesandla sokunene(sokuphosa) besekuba umunwe wokukhomba. Kungakoke zingafuneki ezisikhombisa ukuyikhomb' intombi kuqond' ukuthi intámbi kayisaphelele umkhwenyana wayifumana ingasapelele ubuntombi. Isikhomba singalobola ldikazi Ingquthu

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ayibe isakhokhwa idikazi. Futhi nxa mufazi owakhishelwa ingquthi endodeni ilobolonomyeni wakhe seliphindel' endodeni ilobolo kayiphindel' ingquthu ngoba phela lenkomo yengquthu ikhomba ukuthi umkhwenyana lo kuqala ngaye ukuba amenz' umfazi.

Amazwi oyise ka makoti esigcawini. Kuyekuthi lapha umthimba usina uyise kamakoti abeke ngasekhethweni abeke lamazwi Ngiya khuleka nina basebuthinithini. Ngi khulekel' inkonzo nango umntanami, ningi phathele kahle nxa ebuhlungu ningitshele Uma evilapha noma enze calalini ningamshaye nimbuyise. Izinkomo zenu zi ukuthi esho inana lazo enilobole bese kukhona akuphetheyo. Iyakhuleka ke intombi kasobanibani kasobanibani abesebonga akakhulu bakubo agcine ngokugiya babe bemusho abakubo ngiziqu zakhe.

19 12 Ukuqholisa.

Kuyekuthi uma kuchanguza umakoti, ngakusasa emhla kuqholiswayo bese kuhlatshwa inkomo yemqholiso. Sekuthathwa inyongo sekuyothelwa umakoti uthelwa njalo ehlezi nezintombi zakubo endlini uthelwa umkhongi emthela emahlomba sekusuk' isidumo endlini izintombi zihlab' isimekezo igama bel i zithi usezi dlil' ezawo baba umyeni uyintandane kayize nemo. Balihlabelele baze baphumele ngaphandle komuzi behamba nay' umakoti baze beme esangweni sekusuka umkhongi esethath' ihlwa useyolinika umakoti uyeza ekhaya use dondolozela ngalo. Uyafika endlini sekukhungwe ingubo ezintingweni usengena ngale kwayo emsamo usefihliwe. Ikhetho nemthimba sekuhlangene lapho indlini sekudliwa inyama notshwala sekuzothi kuphel' ukudla balithi ikhetho, iziqome bese zihlek' izintombi zithi; He; he! he! simdlil' ungiklane!8! Sezifung' umnewabo intombi eganayo bese ziqomake nempela zizidlalela nje. Bazothi besalibele ukuqomisana bese kungena ozoshay' umakoti angabatsheli lab' abasendlini sebebona ngoa eseshay' umgaongo ushaya yon' ingubo leyo eklumgiweyo asithele ngayo umakoti eyidilizela phansi sekusuk' isidumo izintombi sezishaywa izinsizwa nayo lentomb' ezoshay' umgongo isishaywa zintombi zakubo ka makoti zidabule nomutsha wayo inqune kwenziwa nje loku kusebusuku sebe zode bebaleka bexoshwa ukushaywa zintombi isigcino usesal' osalayo sebezombalela endlini kanye nomakoti nomthimba sebemvimbezele noma engumlisa, sebezothi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

makahlabelele son' isimekezo naye, kanye nomakoti athi usezidlil' ezika baba mabongwendile. Useyekwake angab' esashaywa zintombi usededelwa ephuma eseya kwabakubo. Ekuseni sezihamba izintombi ziyo hlal' emfuleni bese zinikwa imbuzi ka Meke sezibuyake ziza ekhaya zifike zingene ésibayeni umakoti usesibophele esiswini isidwaba ngoba phela usemekezile usezo hlambisa.

20 13 Ukuhlambisa.

Kuye kuthi kade kuqholiswa ngayizolo kuyasa seku hlanjiswa kwenziwa ubufakazi phela kokuthi igcagce kahle intombi yasemzini. Sekuzothi ekuseini sezivuka izintombi zehla ziy' emfuleni zothi zibuy' emini bezikhuphuka nezigubu samanzi nenkezo nobuhlalu zibuba ihubo lomtombi ebezisina n alo kuthangi mhla kusinwayo. Abayeni nomkhongi sebephelele ngaphakathi esibayeni loku abane wabo ntombi bahambe ngayizolo ukuba ufinyelele esi bayeni umthimba. Umakoti usezongena nezintombi asine phakathi esibayeni ephethe esinqindi ehawu azayoma phakathi naso phambi bomyeni abeseguqa, isidwaba belu sesifakelwe enkabeni, esethela ukuhlalu obumhlophe enkezweni esethela umyeni ngawo amanzi anobuhlalu abesebaleka umyeni abuye manje umakoti usezoshaya umy ni ngothi lomkhonto aphinde abaleke umyeni, umakoti abeselu aphula athi bemkonto umakoti usephinda futhi ethela amanzi enkezweni efaka imali phakathi noma is hlahu esewathela ebusweni kunina womyeni aphinde futhi athel' amanzi enkezweni afake imali engangeshumi awachithe phambi koyise womyeni aphinde futhi athele amanzi afake usheleni awachithe phambi bomkhongi nabanye abafanele bahlanjiswe kanjalo njengobukhulu babo bulolozalo.

Kwezinye isifunda kuyehluka ukuhlanibisa. Umakoti ngqa phambi komyeni khona isibayeni bes' ebeka umcengazi wamanzi umyeni abe' ephonsa uhlamvu noma ucu lobuhlalu obumhlophe emanzini abe ysehlambisile njalo. Kwezinye izifunda umakoti uphatha isitsha samanzi awailithi phambi komyeni ephethe ngesandla uhlweza lobuhlalu obumhlophe nobubomvu nobumnyama isandla esinyakazisa ethi umyeni maka coshe obumhlophe eqonde ukuba azithi uma ecoshe obungemhlophe ahlanliswe kuthiwe umethukile,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ukuze aphumelele umyen usemze aphubuze isandla k buchitheke bonke umakoti abesehaya indoda nayi'isiphindisa abeke usehlambisel e njalo. Ukufakaza phela ukuthi intombi iyaphela ibiziphethe kahle.

21 14 Ukuhlonipha.

Awuhlatshwa umlozi ph kathi komuzi uhlatshwa ingqovela kuphela. Nowesifazane ange lokothi awulibe ngabe ugila umhlola kunga vuka' abaphansi bamhxinye ngoba useqonde indoda uyayibulala Futhi owesifazane kamemezi emzini ukwedelel' umuzi loko kuthuku thel' abaphansi ngoba nqonel' indoda uma izinkomo zihxabile akuswelekile ukuba umfazi azidabule kanjalo. Akuswelekile nazo zimiswe endleleni ngoba uma umfazi ezidabula ebelethe noma efelwe noma egezile izinkomo zizofelwa zioake zibe zinkohlomana zivelelwe yimi gilane emininingi. Uma owesifazane okaue efelwe ehamba phambi kwakho uml ndela uyaye athi Musa ukuhamb' cuwa kwami, baba ngimubi nase kuhlaleni athi musa ukuhlal' emva kwami isiphundu sami sibi. Usho ngoba ezokweleka ngesinyama. Uma uphiwa ukudla ngabakhulu kunawe ungabongi ukuyeke kuthathe ukudle noma ususuthi uthi chokolozi uyeke kuze kusho yena omdala noma umnumzane ukuthi salusunika naggo usibanibani ungabashiyel' abantu abadala noma susuthi uma dla nabo, ungayeki kuqala, linda basebusul' izinkezo ubekhona udwe ubonakalisayo ukuthi usuqedile usudelile. Futhi umuntu omkhulu ungampheli dlana uqede loko okuphiwe noma kungane isihambi silambile ungasiniki siyobonwa abalowomuzi. Emakhosinni akwazulu nakwabanye bandlu nkulu yakwazulu ukudla kubongwa sekudliwe ngoba uma ubonga ungakadli utsho ukuthi awukufemi. Nxa shana kusabekwa phambi kwats o uyathula nje use ubonge usudle wonela.

15 Inhlonipho ka makoti lap'egane khona.

Uninazala umbiza ngokuthi umalokozana. Ukuhlonipha kwakhe abambethele angawawzi amahlombe namabele nesisu. Nempahla kayisezala akayiphathi ingubo namacansi. Isitsha kuphela asiphathayo. Endaweni alala ngakuyo akalubeki unjawo njalonje. Noma eletha ukudla uyacuphela elule izingalo kuphela kusa utho

22 ngakuyo. Noma kukhona isitsha, / ngakhona soba sisingakeni angesithathe nengane ayicosha noma eyishaya ingabalekela endaweni kayisemkhulu ngeke eseyithinta umalokozana.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Umalokozana akamdleli uyise zala engaka mniki lutho lokumdlela njengembuzi noma imali noninazala kadlelwa umakoti engakacanguzi futhi uyamambathela nonina uma angakachanguzi uma kusweleke izindlu ekhaya noma eyosiza kugulwa uma kukhona uyisezala lapho elala khona akakhumuli um'elala, ulala ebincile isidwaba noma kungaze kuphele izinyanganyanga. Umalokozana akakudli ukudla okasele kuyisezala utshwala nogwayi kuphela angaze akudle kunje ngoba umkhwekazi akakudli ukudla okusele kumkhwenyana njalonje. Uyamhlonipha phela. Naye angake akhumule isidwaba kulele umkhwenyana endlini futhi anacansi nezingubo ezilala umkhwenyana noma ezilala uyisezala ka Molokaozanabangezetshelekwe bangaqoka, ukulala dunduluzo nana kumakhaza baqimbe nje. Kuyafana namabantshi nama jazi bangeze kutsheleka ngisho ekuthunywa angekuphathi ashiye ebeshu afake iceba kuphela uma ephumela phamdle noma eyosenga lina usemelwe ukuhlonipha ukudla okuthile emzini eze akudle ngokukunikwa amasi awanikwa ngempahla uyengenkomo. Uyisezala ubiz' abasekhaya noma lokozana aboseth ngikunika nikomo etile yokhwezo okungukuthi ukuba udl' awasi le onkomo yilifa lendodana yakhe noma ingaze izale.amashumi ezinkomo ezomfazi njalo ezokhezo ziyokhokhwa uma kuthathwe kuzo ukuba kwenziwe umsebenzi othize noma kulotsholwa nezimbuzi kunjalo uma enikwa amasi ngembuzi ziba ngezakhe njalo.

Kwahluke ngakundlela ukunikwa amasi ngembuzi kuyekuthi una uyisezala emupha malokozana imbuzi yokhezo asuke umalokozana aye kubo ayokutho ukuthi usenikwe amasi. Bese bamnika ukhamba
23 lwamasi nokhezo lokudla uma benothile bamnika imbuzi yokubonga ayoyiqhuba aye ayinike ayisezala.

Izicolo phela izivela kubo. Inyama ke yona uyinikwa kane. Kuhlatshwa imbuzi yokusikis' umakoti. Kwenziwa esandakuchanguza noma amasonto amabili echanguzile. Ithi uma isiphekwe ilethwa ngesithebe kuye umalokozana. Athatha umese ayisike ayisike ayisike amaqath' angayidli abeseyiyeka ng njalo basozidlela; useyoze adle eyohlwatshwa ngomuso ngengoba namasi awanikwayo kawauli uvuba nje abeseka ekangez' ingane awayeke. Useyoze adle amanye ngesinye isikhathi. Nokwembula umalokozana wenbulwa ngento njengoba seloku ashangeza

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

unqwazile amehlo kawavezi obala kukhona isiceyana setshodo anqwose ngaso esifihle amahlo uma ephumela phandle emzini wabowakle. Omunye uze abenabantwana noma babile. Uma uyisezala ngenasazelo sokumembula kumbe ebona ukuthi uzothi angemembula angab' esamhlonipha amthwalele amehlwana abeleqhalaphalana. Kulapho angeke azambule wambulwa noma ngembuzi noma ngemali encane nje umfagolweni noma isihlabu sosheleni ngesikwenedu athi uyisezala yembula mntanani ngiyokunika uma empofu phela angeke ambembel' umlandu. Umalokozana akayishay' ingane ekhaya ngisho noma imedelela kuye kuthi noma yomile eyakubo ayibi zel' ehlane ayishayele khona. Nokuphumel' abala athethe akakwenzi nezwi alikhulumayo ulikhulumela endlini. Engaphakamisi futhi. Kawuhlatshwa umlozi endlini. Nxosha amadlozi akuyikijelwana ekhaya funa bashay' amadlozi uma umalokozana ukhe waxabana nominazala noma abanye abantu balaph' ekhaya uyothi mhla abelethayo abanjwe ingane ingaphumi kuze kubelwe indlu ngesidwaba sakhe kuhambe kuthiwa "Hoye! Hoye! hoye sihambe sivezwa aminyango yezindlu sikhaphezwa kuthiwa Lethi'. lethi! Lethi! uma kungavumi lapho

24 kuyiwa /esangomeni k yobulwa. Isangoma sifike sithi umalokozana unomsindo ubanjwe ngabaphansi sekuthukuthele inhlabathi sekufike kuhetshezu ekhaya kuthiwa sekuzwakele makhosi nuyekeni umntwana wenu anisukuzithela ngamanyala kuthi sekubizwa nina kubeyikhona b kufumuntu koba yihlazo lelo nethukeke ningamaqhaw enkosi. Sebebasho ngezibongo zabo bebabongela bala ibisiphumi ingane.

Umfazi lowke obelethe usezolana inhlawulo kubo eliba-yimbuzi njo noma yinkomo, Lelo hlawuloke lithothi lifika libe lihlatshwa kudl' umuzi wonke bese bethi woze uphinde nangomuso awubangwe umsindo lapho ekhya. Uma agana umakothi ubuza bonke oyise banyeni wakhe abokhona nasebafa awazi amagama abo ukuze angawabizi noma exoxa indaba izwi lingaya ngakulowo angaliphathi alihloniphe nanka amanye amazwe namagama okuhlonipha.

Umuthi-Kuthiwa)-- Umshanguzo.

Uthi- kuthiwe-ucakathi

Eshowe-kuthiwe-ecowe

Amanzi-kuthiwe-Amada amayiwane.

Uhlanga-kuthiwe- Ukusheka

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Endlini-kuthiwe- Kusenkibeni. K13/145 18

Kuyekuthi uma kufe itshalwe ngomithi obiswa ngokuthi Ilahlankosi. Bekuwama ukuthalwa ihlumela lomsinsi wonhlonhlo, nomunde nendibili nenkalane. Lowo muthi otshaliweyo ethiweni lenkosi bese uba umlahlankosi. Loko kwenzelwa ukuba ithuna bakulowo muzi othuna litshalwe ngomuthi othile ababebesawutheza bayawuhlonipha ngabe sebaphatha uyisezala.

35(1) 2. 21 Incwadi yobuhlalu eya esokeni ivela entombini isigqashula.

Phoke umtakwethu ngenhliziyo yami emhlophe ngi bikele indaba ngathi ngiyaganiswa kuwe ngifuna ukuba ngibe isidwaba kuwe, wathula nje inhliziyo yami isize yagixisa amahluli okwenkomo zika landipense, kodwa inhliziyo yami yadlula yamhlophe nje phezu koba ingikubona nje ukuthi umpofu avunalutho kepha inhliziyo yami ibemhlophe njalo se ize yathukuthela yaze yagqamuka amalangabi phoke ngiyabona ukuthi wena kaboni emehlweni kugcwel' intuthu mina engabi kanboni ngimsumbu kuwe ngiya simbuka sekuze kwafika enhliziyweni yami ukuthi wena usuyamaka ufana nentothoviyane. O! mina ngi ngeze ngakuluma nensizu' ekhaya amathumbu phoke mina kube kuyahlwe ngibone izwe izwe li cwathile. Zigcwel' izinsizwa ezweni ihliziyo yami pho imhlophe ngaloko, uthumuza amehlwana nje wena ngi yintombi mina, angimuhle angaimubi inhliziyo yami imhlophe. Ngalolo ngi ngezilibazise ngomuntu ompofu ngi yakubona nje ukuthi uyinsizwa phoke sasingaxabene uzusize nawe eyakho inhliziyo ibe imhlophe sala kahle mntanomuntu.

35(b) = 35(2*) 22. Ukufundwa kubuhlalu busuka entombini buya esokeni.

Uma obumhlophe bubuthathu bulandelwa obubomvu obubili nobubili obuli phuze bulandelwa ngobubili obumhlophe bufundwa kanje:-

Inhliziyo yam imhlophe, imhlophe njalo ifiphazekile ngensa yamazwi engiwezwileyo ngawe yase ithanda ukugxwala igazi futhi khona igavele igazi njalo kwathi ukuza ngizwe ngo vukuyabambe ukuthi bekungenjalo ngathokoza yabuye yamhlophe yathi qwa njengobisi.

Kajabula ijuba lona lindiza phezu komuzi wakini kujabuli inkukhu yona icosha izihhlamvu anagcekeni kini. "O he!+izintaba ezikude zingu masithela ngoba zisithela wena mutakwethu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Uma buliphuzi nobuthathu obumpofu ifundwa ithiwe:- Ngifumanise umakothi ehlezi emqunu exhoza ithanga ensimini kwenu ngamanzala ngathi "uthaleleni lapha Wathi uzilile ngoba kufe uyihlo. Kujabula izinkukhu zona oziqnda avasuku zithi " Kukulukugu, kujabula izintothonviyane zona zifa zibelethene. Kazi mina ngiyofa ngibelethene nobani"

36 23 Impi Yegudu - Ukutshumiselana.

Igudu libenywa Rabili noma kathathu ngosuku,kukhekhethwa umuzi othile exhweleni elaziwayo. Yonke imizi nje futhi izinsizwa ziyahlangana zibeme. Nezintombi nje ezinye ziyabema.

Lihu libi igudu leli. Abanye liyabahlakaniphisa bakuzonde kabi. Okulichilo, lilungisa isisu lisusa zonke izind nda nezikhuehlela kanti abanye liyabaphuphisa bangabe besanaka lutho bangafuni nokuganwa babo yimi-udweza nje.

Uma selibenywa selitaunaiselwana ilabo bakha umuzi bese phuma impi, umzila wamathe.

Iside igudlana imizila. Uma lithi b odlo ibamuza lamathe useyihlanganisa amnyenjalo. Usethsuna ngamandla eyomvimbela besizana nokuvala izithala lapha ingaphuma ngakhona uma isinqobile yayizingeza sekumiswe ichashaza lamathe phakathi komzila umangqozi inkosi isimisa iduku. Usubonga amakhosi usubema ukluwehlela uzibongela nalapha wahlabana khona uxoximpi.

37 24 Ukubingelelana kwabantu.

Inyathi ibuswa kwabaphambili koku ukuthi isihambi siyakuzwa ngabakulolozwe. Kunjaloke umhinindlela ngaphambili nxa abantu beficene endleleni ongemuva uyakhuleka komphambili "Sawubona avume. Abesebuza ukuthi uvelaphi na? Ashoke lapho ephuma khona nalapho eya khona. Abe sthike "Wenapho na? Kube yilapho nayeke ezilanda lapho evela khona nalapho eyakhona nalapho engowakhona. Kunjalo nanxa behlangana ngendlela kuthi ozaziyo ukuthi ingawolelozwe ebon' ukuthi lona hlangana naye ufanele ukuvela kude nalowoke bona ukuthi lomuntu ufanelele ukuba ngowakulelizwe akhuleke abingelelwe avume ukubuzwa njengalowo oficene nomunye endleleni. Ingane futhi nalapho ekuficanene endleleni nakubo bengabakubo lelozwe bobabile oza ngamuva wokhuleka kophambili. Nasekuphumleni phansi kumuthi emthunzini

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

umthunzi ngowophambili. Lapho ke ngisho owaley ndawo wokhuleka esihambini nxa esifice sesihlezi phansi komuthi naye abingelelwe njengesihambi. Nqale ngokuzisho lapho engowakhona. Indaba ambuze lowo amfice ephumule, kunjaloke futhi nase ndlini. Indlu ngeyophambili ngisho engowakhona, ekhaya kufike kukhulekwe
38 kuye ngokuba usendlini abangelelwe/abuzwe lapho kuvelwa khona yilaba abafikayo. Nxa behlangana endleleni abantu babingelelani beboekene bemelene endleleni ngokuba uma kungekho ophambukileyo nxa behlangana kungukuthi baqhoba umshwili bababili bafanele ukushayana. Uma kungenzeki bayesabana kuntuleka ogadlayo Phoke uma b ngawuqhobe umshweili lowo maba phambukelane kube sengathi bayaphambana kube yilowo eme afulethele lapho eya ugakhona. Andukubingelelana nomunye bacelane nogwayi. Lokoke k ukhomba ukuthi yilewo nalowo kubo bobabili usebonile ukuthi bahlangana ngokuthula, bavale lisaneke bahlukane belayelana izindlela nalapho kudliwa ngakhona lapho umuntu engathuka esinga khona.

40 (2*) 26 Ukuzalwa kwe ngane.

Uma umlobokazi sekufike usuku lwahke lokubeletha kumenywa izakhelani zizombamba. Baqala babe yingcosana noma bebathathu bayebebaningi. Kodwa uma kulukhumi bafika ngoku fika kuze kubizwe nowesandla bese ebelethake ubeletha njalo ubelethela phansi enhlabathini. Umbelethisi usenqu umlizane. Unqunywa ulinganiselwe edolweni kusukela enkabeni kuya edolweni.

Isalukazi esizala uyise noma unina sesiyithatha siyigez' ingane. Izihlobo zomlobokazi seziland' izibi azohlala avuzele kuzo lonaobelehtayo. Ingane isiphiwa incumbe inembe kwethulwa umule uvuvuzelwe encumbeni kuthiwa uyancenyuliswa-uyancama phela ajayele iphungo lentuthu. Umlizane lona usuthe umganqinywa wase umbelwa emseleni othandani phakathi endlini sekugqitshwa sebemukake ab nye babelethisi sekusala izihlobo noma abangani abakhulu abazonisiza ngoba phela akakaphathi lutho olunyangowise benzi. Uthi noma ephuma agubuzele ikhanga ngengubo, uyise njalo
41 akakangevi/endlini. Yaloku aphuma mhla u,kaphe esikwa . Noze angane mhla sekusindiwe. Uyise ivengane useya esinyangeni efuna izinyamazane zokumis' ingane ukuba iqine ingethuki futhi uma kungen' umuntu ophete inyamazane embi kukhalakathele ukhakayi phakathi ife. Abuye nazoke izinyamazane amaxolo noboya nezimpa-

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

paphe nenyama yezilwane namafutha noma nje awesilwane asesabekayo abese ezinika bafazi babek' undengazi eziko bazishunqisele khona bayifuse ingane ngetuthu yazo. Ilengiselwe ngekhanda nangesisu entuthwini yezinyamazane lezo. Thake sebeyoba nesibindi sokuthi uselashiwe sekuyoba umuntu. Yiko loku kuyokuthi uma umuntu eyisithutha kuthiwe aziphelelanga izinyamazane.

Sekulinuwa ukuba kuze kuwe inkaba yenzane. Mhla iwayoke sekuthathwa lezizibi ebezihlezi unina seziyoshiswa nayo inkaba phandle sekugqitshwa kugandaywa kuqiniswa lapha othandeni lapha kwembelwa khona umlizane sekusindwake. Sezihambake nezihlabo nabangani. Namhla yikon' ese phumak' unina wengane esezisebenzele yise wengane yikhona esengena iyibonake ingane yakhe ngekhe ayithathe kodwa ngesandla insancane kangako usayisaba usekhon' eyitha igama uyise benonina. Abazali

42 bengane sebeyifunela umzanyane. Uma kungekhongane esikhulile kwabo kuye kucelwe intombazane ezihlotsheni noma kubangani nje ide iyiphath' ingane, ize igijime. Bese ikhokhelwa imbuzi ibongwa mhla isikhulile ingane isizigijimela

Longane ezelweyo njalo ihle ifunelwe incweba yayo eboshelwa entangeni eyisikhonkwane sayo esiyilindileyo esivimbela izifo. Sikanye nazo izinyamazane leziya zamhla ishungiselwayo ukuze kuthiwe noma ithakathwa, umuthi ungangeni inasinyane kuyo.

Isize ikhulake nayo ingasuki lento noma ingaze ibelidixa ukungcola noma kungatholwa enye kwenyinyanga noma iquzwana lekhubalo eliswelekileyo selothungelwa eceleni khona lapho kuze kugcwale intamo noma unina eyigeza ingane ukukhumula abuye akubuyisele masinniyane.

Sekufunwa inyanga yokugweba noma ubani nje kwabesifazane okwaziyo ukugweba yabiwa kakhulu ukugweba intombazane kodwa kufana kuyaqapheliswa ukuba kunganqamuki umthambo wokuzala kugwetshwa ngomuzi noma ngesiqunga kuze kuphuma igazi kakhulu.

43(1/2) Loko kwenzelwa ukuba ingane ingabi/isifebe. Kungako uma sekuvela icala lokanakala ibandla lithi kunzali.

Awumngwebang' umtanako lona ngabe akuvel' amanyala lana" Ukugwetshwa kwenziwa kabili noma kathathu uma ingane inomkhuhlane kuthiwa ifudumele uma igwetshwa kuthiwa uthi hamu nomkhuhlane ikib' elula.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Gikhulake ingane uma kungumfuna uselusa amankonyane namathole intombazane iphathe ingane ikhe amanzi, itheze ishenele ipheke. Izothi nxa isiminyaka eyishumi nambili ibis' ihlakla Ikleklwa noma ubani nje okweziyo. Iklekla njalo iziqhaza sezingunyiwe. Kwamhlwa iziqunga okuzophethelwa ngazo izindlebe nxa sekufakwa iziqhaza. Iziqhaza zifakwa kusopha.

Kuthiwa phela okleklile uyezwa nxa kukhulunywa unenhlonipho nesimilo esilile, kanti kuthiwa ongakleklile akezwa akananhlonipho.

47(2*) 28 U Doloqina.

U Doloqina wenziwa kuyoyonke imizi nxa sekungen'ihlobo Kwakungadliwa ukudla okusha engakadliwa udoloqina.

Udoloqina lona wenziwa kanye. Kumbiwa ingcabo yomhlala iphekwe namaselwa, namathanga, nemifino nombila, nemfe, kuqotshelwe embizeni kubiliswe kuyisibiza nje esibabaye Bese kuthi kanke abomuzi bakak' ibodwe selephuliwe kube yilowo athathe loko akudlayo noma yiselwa noma umbila besede ephunga

48 inkovana yakho leyo ebabayo ishisa injalo esha kakhulu/eshaya ngaloko akuphungayo ebala amalunga ezitho eziqinisa esho ngalakhe iphimbo ethi "Doloqina doloqina, doloqina doloqina"

Udoloqina lona yimbiza yomzimba omubi ngoba umzimba uzokwethuka ukudla okusha. Abanye bayavuvuka mhlaumbe baqumbe uma bengakudlanga ngomithi benza uDoloqina.

29 Ukuhlatshwa kwe nkomo nokudliwa kwayo.

Uma kuzohlatshwa inkomo yokubusa izihlobo zegazi ziyatshelwa. Ihla isihlatshwa yilowo uza nogqoko lwakhe azobeka kulo amantshontsho.

Kuyekutkhethwe okwaziyo ukuqonda nisa nenxaba emhlabankomo ekugcineni kwa siphanga igwazwe nguye ukuze isheshe iwe. Ibis' ihlinzwa ke yilabo abaqondene nalowomuzi bese ikhishwa izitho njengelesinye: Imilenze, nemikhono, izinso nyama, imihlubulo, isixhanti, isifuba isinqe, imkhele, ibele, nezinye. Izitho zikhishwa njalo kude kusala amajupana noma izicutshana ezintshontshoyo. Ngabahlinzi laba bazibeke ezinqokweni zabo kuthiwa amatshotsho ngoba bazithathela bengayinikiwe. Abayinikwayo

49 umthala/wosu. Nethumba elimhlophe lekosa. ~~Neh~~ Nethambo lohlandla futhi lehlubanisela bona abahlinzi, futhi kube

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

yilowo athole ingcozana ebubendeni. K13/145 23

Inyamake isiyobeku' endlini kwankosikazi. Kuqala kwendlalwe isikhumba namahlamvu. Imilenzi nemikhono imiswe ngendlu kuthi izinye izitho zibekwe esikhumbeni nase mahlamvini oknaye kulengiswe khona endlini. sebezohambake laba abebehlinza kube yilowo ahambe namantshotsho akhe ayofika awadlele ekhaya kwakhe nezingane zakhe. Uma ethanda uyawabeka aze awakumbule ngelikade.

Amakhosikazi omuzi belu kuthi ukuba lahlukaniswe nosu itwane ase ebizwa ukuba ayolifukutha alidla luhlaza itwani lelo, bee ephekelwa umlenze ngalo lolosuku oselwe nesinqama sesibindi aphekelwe nobubende.

Kuyasa ngakusasa kubuthana amakhosizi amini adlelalnayo azodla isifuba, nomlenze nosu, okuphekiwe umhlabulo awudle wosiwe. Namantombazana emizi edlelanayi abakhona ngalolusuku azodla inso nyama iphekwe oselwe nebele.

Nobubende wona ayabudla ngoba awunamncele.

Ngakusasa abahlinzi bayaphindela kulowo muzi bayohlahlela
50 la bapheke,/isitho sabahlahleli abazososa ngalolosuku sebeqede ukuhlahlela amehlo. Uma sekufika abanumzana nabanegama, bakhishelwa umkhele boselwe wona umkhele awudliwa umutukazana. Bese kukhishwa umkhono owoselwa wonke owesilisa okhona ngalolosuku omunye umkhono uyaqotshwa wenze ububende. Kuphekwe inhloko nesixhanti okwephulwayo kudliwe yibandla likudlela esibayeni. Enhlokweni kukhishwa eyomthombo eyona dliwa amadeda abalulekileyo, ane gama.

Abanumzane bathi befika babe bekhishelwa izinkamba njengamandla omunzame lowo ohlabileyo. Kude kubizwa lowonje okhethwayo yisikhulu esithile ngokuthanda kwaso sithi aka phuze. Emuva kwalokoke besekungena imbiza isithungwa ngulowo othungywa ngumninimuzi noma kuthunge yena ngobo. Imbiza lena iyasitshekelwa ngesithebe uma busekhona utshwala kanti nezinkamba zabanumzane zisitshekelwe ngesimbenge. Uma kukhona umutwana phakathi kwabanumzane laba kusitshekelwa olwakhe kuphela zingasitshekelwa ezabanye. Yinhlonipho phela leyo, kuhlonitshwa umntwana

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/145



50 51 30 Ukwethwasa kwe-Sangoma.

Umuntu owethwasayo uyagula isikhathi eside kubesengathi uyahlanya. Asuke agijime ayongena emzini wesangoma esidala. Bese sijakumbela imithi yakuhlanza okuthiwa yizihlazi. Abakubo bese beletha imbuzi emhlophe yeminqwambo kuthi lapha esezakuphotha izinwele kuze enye futhi embuzi yokuphotha. Bese kuza eyenkatha emuva kwaleyo kuze eyebomvu. Bese kuza ezimbili zoku fukamisa, kubuye kuze eyeziko bese kugcina ngeyophaphe,

Anduba kugaywe utshwala bezangoma. Lapha sezimletha izangoma kuhlatshwa inkomo zidle, ziphuze, zisine.

Kusosonke lesisikhathi lomuntu owethwasayo uyahlolwa yisangoma leso esimthwasisayo. Simhlola ngokumfihlela izinto ezithile. Njaloke nabanye nje abantu abafikayo laph' ethwasela khona bamfihlele izinto, lizikhiphe izinto lezo ithwasa. Kothi ke lapha selidla amanzi amhlophe linikwe imihlahlo yonke efikayo kuthi uma kufika abazobula kuqale kubule ithwasa, bese siwuhlolake isidala isangoma, siwubone ukuthi ithwasa liwushaye kahlena? Kuye kubonakale ke ukuthi alisaphambeki bese likhishwake. Kuthi lingakhishwa lithenge amafahlawane asemaqakaleni okudlala. Phela nokusina belikufundiswa kuthi ke uma idlozi

52 livukile lisine. Ithwasa/leli kuze kuse. Kwesiny' esikhathi lisine lisine ligijime liye emfuleni lifike libambe inhlwathi yamanzi izwa, noma yimamba liyi bambe ngesandla izwa kodwa inga lenzi lutho ngoba phela isuke ithunywe ungamadlozi. Kothi ke mhla laphuma kukhokhwe inkomo yokwethwasisa, kungesiyo leyo eyohlatshwa. Yisoke isikhathi sokuvukelwa ukuthunywa yidlozi ezihlotsheni lihambe lithola izimbuzi lizihlaba.

55 33 Ukumbelwa nokuzilela umnumzane kwezinye izindawo zakwa zulu ngaso Thungulwini.

Uma kuf' umnumzane ungcwatshwa endlini kuthi kungaphum' umoya abeseboshwa ngezi bopho zotshani aqoshame eyame ngensika esemsomo ahesegunda isicoco engcothulwa imucedo atshaywe ngavo emlonyeni ukuze abe idlozi elinomusa afumbathiswa zonk' izinhlobo zezimbewu ukuz' angamuki nokudla. Sekuzothi lapho sekumbiwa igodi loku limbiwa endlini enkulu, limbiwa eziko ekuzoqala inkosana ize iphethe imkhonto nesihlangu sikayise usezohle aqle ukumba ngegeja sjaye kabile noma kathathu abesededela abantu sema phezu kwalo igodi apethe sona isihlangu nomkhonto lize

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

liphele limbiswa okomgodi wamabele lijule ashone umuntu libe negosi eliyindlu yakhe azokosela bulo, seku hlatshwa ncukomoke ezomanulalela impelekozele phela isiphelkwa idliwa engekagqá-tshwa iziphele ngoba ka kudingeke ukuba ibe nomkhusa ingaze inikwe abemuzi kunokuba isale lothi lishona abegqitshwa kuzokwa-ndlalwake ngesikhumba namacansi akhe nengubo zakhe iziphuku nama beshu nedlaka isinene phela nakokonke okunjalo besekusonjulukwa izandla kuchithwa inbewu leyo ngoba phela izimpethu zomufi zingephume lapha ekhaya ayinakwethekeliswa umuntu injengeyokudla okusukuliwe. Uma esengeliswa egodini kungena omunye ingena njalo ubince ibeshu libe eliyivithi usezokwamukela isidumbu lowoke wamukela isidumbu ubizwa ngokuth' impisi usezo ngeniswa kahle ahlaliswe entweni abekiswe ngasekhaya kodwa aceze kancane aselwe kakhulu ukuba intamo yakhe iqine ikhanda lingagebi libeke phansi funa inzalo yakhe ingemi-usegqitshwa sekuzokhunjulwa izinsikake isipatalaliswake indlu bese yogawulwa amahlahla omuqame noma kutshalwe isihlehle noma iqwaningi kubiyelwe ithuna lelo bese behamba beyogeza emfuleni bonke lapho kungavami ukugezwa khona sebezochitheka boze babuye ngakusasa sebezohlamb' izandla bazihlamba njalo sebehlatshelwe inomo noma imbuzi bazihlamba njalo sebehlatshelwe/komo noma imbuzi bazohlamba ngomswani wayo sekuzothi uhlobo lwalowo efileyo ludle imithi yokuluqinisa lunga tshaywa zimvalo enjenge qwaningi umbulama isitshu babende neninge ethakwayo inyanga ebancindisa ngawo umswani

56 nobubende nethumbu kude kucuywa kuzo / zonke izitho zanyama seku-sodliwa ke inyama idlelwa khona lapho iphule khona namathambo ayo ayoqoqwa ashiswe ngomlilo funa bamphendukezele izikhuni zebegunda izinhloko sebenqwaza ngezintambo zesi khonko kuyasa sekuphuma abasekhonya beyohlaba ngaphandle ngasesangweni bembethe onswinswinswi omakhothwa yikati (ngampoko) umkhalasililo bezolindela abazobakhuza ngomhlola obehlele sekuzohle kuqhamuke ibele lamakhosikazi noma elamadoda azohle ahambe phambili onephi-mbo elibukhali bese besho abanye kathi "Hau, kwaze waye kwafikw' ekhaya u-Sibani ungasiqalile isililo na? Usesikhazake njalo sebeze baye bangena kulowo muzi sebezohlala khona lapho esangweni belanda usizi labo ngofileyo sebevalelisa ngelokuthi mutaka sibani asi sakushiyi nalutho sebe zode bilindela

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

abafikayo bezokhala bezobakhuza emva kwezinsukwana noma isonto bese behlatshelwa inkomo sebethweswa izinqwazi zesikhumba salenkomo ethutshiweko kuphalwa imidwoshu eminye iboshwa emakhanda eminye esiswini abancelisa,o babophela entanyeni inyama le isidliwa ekhaya iphela nofikeyo udla aqede ahlambe ashiye insila yayo lapha ekhaya emva kwezinsukwananoma zilishumi sekuhlatshwa enye inkomo yokumehlisa, ukuba aye kwabakubo iyisihlangu k sakhe sokungen' esangweni lababphansi amadlozi phela. Isizo hlatshwa wede ingeniswe endlini yakwabo yokudla, ingena njalo ukhamba lotshwala seluphambili ukuza athi ewadla amaqotha la abehlisa ngotshwala obusokhambeni lolukhamba futhi kaluphuzwa ngakezizwe luphuzwa ngabo hlobo lomufi kuphela emva kwezinyanga ezimbili noma ezintathu sekumenyezelwa utshwala be Hlambo.

57 34 Ihlambo.

Kuye kuthi uma kade kufe umuntu oqatha kuthi kungaphela izinyanga noma zintathu noma ziyisithupha seb ezothi abantu "Hau! obani basa zilile namanye na? abakamkhuphuli yini umufi na, sebe zo phikisanake abanye bathi "qha abanye ngakube sebeziphumele sebezihambela phandle ingani baya hamba nje:- Kususelwa njalo kuko ukuzila kwabo abomuzi wakhe begunde izinhloko bebophe ngezinqotho ezimnyama bephothe izintambo eziyimbeleko babe babi ngoba phela noma befuman sa izinkomo zakho endleleni ba ngezidabule sekuzosuka abaphethe umuzi bahlangane bakhiphe izwi bathi "hau! izi.. ane zabantu kade zazibo phekile zidedelwwe. manje ziphothulwe ukuze singa cunukelwa ngumuntu sekuzogaywa utshwala sezikhethiweke izimpahla ezizohlatshwa izimbuzi ezithile noma inkomo, mhla buhluzaayo ziyawake abesifazane baphanqula ngomswane behlamb' izandla isiphelele yonke imihlobo kothi kusa bebephuma bonke abalisa nemikhonto namawisa, nezinja bephuma inqina beyozingela entabeni noma ehlathini bekhipha umswazi ekhaya walaba abashonelwa umuntu bofika endle bese bekaka noma isiphi isihlahla nje sebejukujela uma kuvuka okuvukayo baya kutshaya noma kungavuki nyamazane nanyoni baya buya sebegeza emfuleni begeza mzimba nemikhonto sekusuka umninimuzi ebashiya eyokhiph' utshwala bayafika imbiz' isizwawa ngothi bathi bephum' inqina njalo abalisa kweyabo bodwa nesimame kweyaso indlu sekukhishwa inyama notshalwa beni kezwa uma ihlambo lingelomnumzane omaviyo

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

eza ngehubo aze aphelele esibayeni onke adlele kh na ngema yobuningi ngokuphela kokudla sebe hlakazeka ke usezothi oyen' emdala lapho ekhaya aphonse libe linye izwi lokulaya kundlalifa nakonina athi: "O! wena wasekuthini kuphelibe namhla ukukhala, uze ubaphathe kalile onyoko nani zingane zabantu nihlale ngezinhliziyo ezinhle. Manje ikhona namaxalana esezo vungazela esede ephonsa sio ngakubo abalobokazi bomufi, nabo sebe zobnna abazanbangena.

72 ezalobola unina. Izikhundla za lamadodana endoda ziya qondakala nelungelo lomunye komunye laziwa kahle emthethweni wakwa zulu kaya hloniphana, futhi zazisane bagcine umthetho womdabu. Noma kusikwa izihlangu kuhanjwa ngothetho. Inkosana isika esenxeba ikhohlwa lisika esedlelo ngoba phela inkomo idlela kwesobunxele iphango liba k wesokudlal Inxeba lona liba kwesokudla lapho egwazwe khona ingwazi emhlabankomo. Uma inkosana ihlab' inkomo ikhiph' umhlubulo isitho sekhohlwa noma kwakhiwe ndawonye iyasikhipha uma kuhlab' ikhohlwa lothul' insonyama kunkosana noma sebakhe imizi yabo, kwaziswana kanjalo ke. Unkosana indla lonke ifa likayise abekane nawo onke amacala kayise nokulobolela abakwabo/nekhohlwa lidla lonke ifa lendlu yasekhohlwa lithwale namacala akhona. Inkomo yengqutu isifoceyya sika nina uma ingadliwanga unina esekhona noma icelwe umyeni womfazi ukugcina inisebenzi yakhe ethile ngayo, iba ifa lomfana wamagcino noma yanda yandlela yena noma esekhulile kube umhlambe wakhe.

39 Ukunqwanjiswa kwe nkosi.

Ibekuye kuthi uma kuzofik' umkhosi kulandwe inkunzi yenkomo ehlaba o ezizweni ezingaphandle ilethwe ekhaya isizofik' iqhathwe nebutho liyibambe ngezandla lize liyaphule intamo isizohlinzwa njalo seku nqwankiswa ibutho, lingwanjiswa zinyanga zenkosi imibengo idi [illegible] luqwa ngemithi ebabayo nenkosi isizophuma isishaya uselwa isigub' umkhosi. Laphoke isiyesabeka

73 isinesithunzi ingabekeki/loku kade iqonqile amasonto athize yalashwa inyanga enkulu iyinisa ukuba [illegible]qonelwa ngamanz' amakhosi noma izikhulu ezithile.

40 Ukukuthwa.

Bekuhleza izinsizwa inkwebane amakhanda ngamakhanda izizanbuthwake kumakhanda onke njengase Mangweni njangase Ondini

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

kwa Gingindlovu. Esiklebeni, Emangweni kwa Yodwengu nase Mlambong.enya. Inkosi isizowathatha iwathole ndawonye esehlanganiswa amaviyo eza lapho inkosi ikhona isizoliqamb' igama ukuthi leli ikhona isizoliqamb' igama ukuthi leli ibutho elithile njonge ndlondlo uDloko UDududu, Umxhapho, Umbonambi uNokhemke Indlenyengwe, uKhandampemvu ungobamakhosi Uve, agcine ngal' umutwana uCetshwayo loku esezothi ekuya phesheya wa egcina ngo Falaza wasefa. Nomntwana, ingonyama uSolomona iwabuthile awayo uvukayibambe Inqaba kuoasha, uphondo lwendlovu, esiqnjwe emva komkhosi wontwana uPlinsi inkosana ka Joji Ringi wage Ngilandi. Neminyaka yabantu ibalwa ngesikhathi ab buthwa ngaso nanamhla uma umuntu obincayo efuna ukwazi ubudala bako ubuza ibutho lakho abeselinganisa ukuthi izintanga zakho osibani nosibani kanti babuthwa njalo baya dlulana ngeninyaka kumbe badlulana nganinyaka imine noma emihlanu inkani uma bekhule kanye balusa baye baya didiyelwa.

74 41 Izibongo.

Izibongo umuntu uzithola khona ebuncaneni bakhe kuyo inkwebane isalusa. Kuye kuthi uma kuhlatshwe inkomo babuthan' abafane bazodl' iphaphu balidle balidle bagiye sebezombonga ontangayakhe lowo ogiyayo bambonga ngezibongo azithandayo nalezo ezikhomba imisebenzi yakhe neziganeko ezakhe zamehlela, noma yini akhe wayenza sezizode zanda njengoku khula kwakhe enza inisebezi eqham le azay' ahlabane ehlabanel' inkosi sekuqhubeka zona njalo usezoze avelele abe isilomo. Laphoke usezo bizwa inkosi ethi"Alala mfana kabani othe, wathi, wathi isingambuza ngezayo usedl' umhlanganiso-ogwaza kuqala phela ngoba useyaziwa naphakathi kwebutho usezoze axotshiswe izinkomo kuzo ezithunjwe ekuhlaseleni sezizothi zabiwa bezisuka ngaye lowoke usexotsha noma' esekhaya abone sekufik' iqabi lezinkomo ziza namanxusa lizothi liqhamuka beliyisho inkosi ngezibongo liyihashe lize lifinyelele kulowo muzi wesilolomo lifike lithi bamba mfoka bani! Isilomo sesizoy' enkosinike sesiyozi bonga. Kunjalo ke noma kusinwa noma kubunwa nje kubuthenwe. Uyaphuma umlisa agiye phambi kweviyo noma phambi komphumbi wabantu bese bemusho ngazo izibongo zakhe abamaziyo bamhashe baze baye bambeke, esephindel' emuva sekuphum' omunye naye agiye epheth' isihlangu nezinduku zakhe bamhashe abakubo bemthopha noma

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

bembiza ngawobunsizwa no ma anokuhlabana kwakhe empini yasekwaluseni noma ekuhlaseleni nandengoba manje babizwa ngezibongo

75 eboleni/umakudlalwa unobushuzwayo abalithathi bambongele nge zakh azithola khona ekudlaleni uma sezibethana izingqungqulu.

42 Nami nje izibongo zo Dondolo: (zika F.K. Kumalo)

Umqethuka! UDondolo lokuzw' iziziba, Umjikijo
abawuphonse bawulandela, umajukujela efulathele.
uGubuzel' indoda ngehemu layo
uThantatha abantu njengo thangazane
Iqhude elikhale kuqal' amanye amaqhude esalele
Imhlava ebisel' abantu izinyoni zemfundo
Uzengez'izwe njengolwandle
Intamb' ende ka layini enjengo Thenifolo
Abakhulume ngayo bese Mgumdlovu
Kwaye kwezw' ose Qhudeni nakwa biyela
Kwezw'oso Thukela nose Mpangeni
Kanti nose Ndulinde nokwa Mondi uyezwa!
Undaba zafika kuqala kwa Nloli,
Undaba zangena ngo Dombo ku Ncwincwi
ephuza kwezind' iziziba!
Undaba zangena ngo Mtheni ku Ngqoveyana
Umfutshane ungangabafana!
Kanti zoye zingene phakathi kwa Ncongazibomvu
enkosini ku Mhlahlandlela uMalkomu!
Umqhathi wempi abuye azilwele
Kanti abanye bayiqhata bethemb' ukubaleka
UMadolo kadinwa kuhamba
Kanti awezisasambana asediniwe
uNoda mzimba awunike abakwa zulu
Sikushiya ngamabomu mfana
Sikuyekel' abangomuso
Akhuhashi yakweba-ziqanjwe ngu Majola

86 (2*) 57 Imidlalo Yezingane.

1. Ngikuphica ngabantu bani abalala ekuseni baze bavuka lishona. Impendulo Izingoqo zesibaya (zesango)

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

2. Ngikuphica ngento yami egiya igiye ize ikhwele intaba

Impendulo - Iphini.

3. Ngikuphica ngenkomo ebulamel' emadwaleni amabili (Intwala)

4. Ngikuphica ngembambo zezwe -(izindlela)

5. Ngikuphica ngento yami edla ize ibuye emyango (Umtshanelo)

6. Ngikuphica ngabantu bamabathathu bathwel' Idlokolo imilenze yebodo"

87(1/2) 7. Ngikuphica ngesalukazi sami esivuk' ekuseni size sibuye ngokuhlwa - isigcozá

8. Ngikuphica ngenkosi yami ebusa ebusuku qha emini

Impedulo - inyanga.

---

95(2*)

## 62 Amabutho ka Mpande.

| Abalisa | | Isimame | Amazibulo |
|---|---|---|---|
| Undaba ka Wombe | Nganwe | Ingcosho | Ingobamakhosi |
| Umdlenevu<br>Ingulube<br>Amashishi<br>Amaphela | Anganwe | Ngudludonga | uFalaza. |

---

96

| Abalisa | | Isimame | Amazibulo |
|---|---|---|---|
| Amamboza<br>Umzwangwenya | Aganwe | Isitimane | Phefeni |
| Indlondlo<br>uDloko | " | Ingcugce | uDakwakusutha |
| UDududu<br>Umxhapho<br>Umbonambi<br>Unokhenke<br>Amakhwenkhwe<br>uKhandampemvu<br>Umthuyisazwe | Abajutshwanga Basase beganwa | uThiyane | Ucijimpi<br>Uvukayibambe |

## Amabutho ka Cetshwayo.

Ingobamakhosi

| | |
|---|---|
| Uve | Sekungumbidli ka Somseu |
| Umsizi noma uFalaza | uThelawayeka |

---

97

## 63 Ukuphathwa kokudla kwakomkhulu.

Kubakhona inceku esenga ezomlomo ezingaluki nenkomo zonke ezingaphumi. Ngamasango a phuma abantu abangabuye

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/145 31

bangcolise utshani ngothuvi nokunjalo, isibaya sakhiwe khona esigodlweni ngenhla nesamathole sikhona lapho eduze, esomuzike si-khulu sisuka esicamelweni size siye sifike esangweni, ngoba kusengwa izinkomo zabantwana nezonduna-nkulu abahlezi sengathi kuse khaya lapho bedla amasi nenyama, loku iphekwa ngomhluzi wenye. Insengi yezamlomo uma iphuma isigodlweni esimnyama lapho kuhlala khona ukudla kwenkosi itshotshoza ikhwele ihambe iliphakamisile ithunga lisibekelwe ihamba ixinga abanye abafana abayikhaphayo bahamba bephunga izimpukane ngamakhasi noma ngamashoba, ihamba nabo njalo isihle yageza kabili noma kathathu ngamanzi nangodaka lokuphaqula yaluhuqa lwagamanxa izingalo inkomo isizobanjwa enje isizwa ngomkhala, insengi isiyingena isisibekelo isisinika abaphungi, isizoyisengela phansi ukuba izihloko zingaqondani nenkosi, emva kwalokho yikhona esizoyisengela ethungeni kodwa akayigcobi funa ibenephango inkonyane; usezobuye angene ezinye kanjalo zize ziphele imbongi iyazungeza khona esigodlweni ibongela khona ukudla kwenkosi, olunye ubisi luzothiwa eguleni olunye luzophozisa amasi ukuba angabi munyu. Lizothi lingathululwa ithunga bese ligezwa lingabi namkhuna negula kunjalo kuhla

98 kugezwa/lethiwa namuhla kuyasa liyahashazwa liya geqwa. Kunjalo nasenyameni kukhona umuntu okhethwa abe yinhlinzi ngoba kuthiwa inyama yakhe imnandi iyahlwabusa ayintikintiki, njaloke naye uloku esukele khona isahamba uthi eyoyigwaza abesehle wahlamba woze ayiqede ede ehlamb' izandla nabayithathayo isihlinzwe yakhishwa izitho bazoyigibekela ithwalwe ikhanda ngezingqoko, izikhishwe izitho ezinamagama okungathi uma zifunwa kubekeke masinyane obala kukhishwe kahle kungacwiyiwe funa ife ngoba igxweleze ixoshiwe ayabulawa. Kuphuma insonyama yenxeba kuphume yangasohlangothini, kuphume imilenze kukhishwe imikhono, kuphume imihlubulo yomibili bese kukhishwa usenga emhlabulweni nasesixhantini nasemkhonweni lezoke zinsinga ezizoshukwa zibe zintambo ezizoxoshisa abalobokazi bathunge ngazo izidwaba olunye usinga luphothelwa ubuhlalu besigodlo. Nomdlunkulu njalo uyahlatshelwa unenhlinzi zawo kuthululelwa kwezikhulu izikhamba.

A END S316
Sien B tot END van Manuskrip S316

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.